

Iqhingasu LikaZwelonke Lokulwisana Nenohlakalo (i-NACS)

Inhloso-mbono yowezi-2030 yoHlelo Lokuthuthukiswa Kwezwe ibheke ukuthi kuleli kube nomphakathi ongenayo inkohlakalo, kube nokuzibophezela ekuziphatheni okuhle nokulungileyo emphakathini wonke kanye nohulumeni ophendulayo kubantu bakhe.

I-NACS, eyagunyazwa yiKhabhinethi mhla ziyi-18 kuLwezi 2020, ihlinzeka ngohlaka kanye nohlelo lokusebenza oluqondene neNingizimu Afrika futhi ihlose ukwakha umphakathi lapho:

- izinqubo zikahulumeni zokuphatha kanye nokuthengwa kwempahla nezinsizakalo ziqikelela ukuqapha okukhuthwana, ukuphendula kanye nokusebenza ngendlela esobala;
- umphakathi ufundiswa ukuthi ngezinjani izenzo ezithathwa njengenkohlakalo futhi ufundiswe nokuthi yini ongayenza lapho ubona noma uhlangebezana nenkohlakalo;
- umphakathi kanye nezingede (ababiki benkohlakalo) bekhuthazwa ukuthi babike izenzo zenkohlakalo, basekelwe futhi bavikelwe ngokuphelele ngenkathi benza lokho;
- izikhulu zikahulumeni ziphendula ngokugqoza nokuntuleka kwezidingo-ngqangi;
- umkhakha wamabhizinisi kanye nezinhlangano zomphakathi besebenza ngendlela ebeka phambili izimo-mpilo nemigomo yokuziphatha okuhle futhi bephoqekeka ukuthi baphendule mayelana nezenzo zenkohlakalo; futhi
- lapho ingabezelelwa nakancane inkohlakalo futhi baphendula ngokuphelele ngezenzo zabo labo ababandakanyeka ezenzweni zenkohlakalo.

I-NACS yakhelwe phezu komgomo wokuthi kumele kube nokuvinjelwa kwenkohlakalo ngokuthi kuqinisekiswa ukuphatha okuhle, ukusebenza ngendlela esobala, ukuphatha ngobuqotho kanye nokuphendula emphakathini, futhi zihlonzwe ngokushesha izenzo ezingaholela kwinkohlakalo ukuze kwesekwe izinyathelo zokunqanda inkohlakalo zabomthetho nezinhlangano ezilwisana nenkohlakalo. Umphakathi wonkana kanye nendlela edidiyelwe yokulwisana nenkohlakalo kungalekelela ekunciphiseni ubungcuphe bokuthi kudingeke ukuthi kusungulwe amakhomishana ophenyo amba eqolo, kwenziwe uphenyo lwezesayensi noma ezinye izinqubo zomthetho ezidla izindodla zezimali.

Lezi zinsika eziyisithupha ezikhethekile yizona ezakha izingxeny e ezibalulekile zaleli qhingasu:

Insika	Izinhlelo zokuqalisa umsebenzi*
1. Ukubamba iqhaza kwezakhamuzi: Ukukhuthaza nokugqugquzela ukukhuthala kwezakhamuzi, ukubikwa kwezenzo zenkohlakalo, ubuqotho kanye nokusebenza ngendlela esobala kuzo zonke izinhlaka nezigaba zomphakathi.	<p>A. Ukweseka ukukhuthala kwezakhamuzi kanye nokugqugquzela izinhlelo zokuhlelwa kabusha kwemigomo yokuziphatha okuhle nokuhlukanisa phakathi kokubi nokuhle ngenhloso yokuvimbela inkohlakalo nokulwisana nayo.</p> <p>B. Ukuvikela nokweseka izingede kanye nokuhlomisa nokuhlizeka ngezinsizakalo izinhlelo zokubika inkohlakalo.</p> <p>C. Ukuthuthukisa ukuphatha kobuqotho kanye nokukhuthaza ukuzibophezela ekuziphatheni kahle nangobuqotho.</p> <p>D. Ukukhulisa nokuqinisa ukusebenza ngendlela esobala kuyo yonke imikhakha.</p>
2. Ukuziphatha okuhle emsebenzini: Ukukhuthaza ukuthi abasebenzi emikhakheni yonke baziphathe kahle futhi kuqinisekiswa ukuthi umsebenzi wabo bawenza ngobungoti nobunyoninco ukuze	<p>A. Ukwenza umkhakha kahulumeni usebenze ngobungoti nobunyoninco futhi kwakhiwe nombuso onekhono namandla okusebenza kahle.</p> <p>B. Ukuthuthukisa amandla namakhono kanye nobuqotho bemisebenzi engumgogodla wemizamo yokulwisana nenkohlakalo.</p>

kuqinise igalelo labo ekwakheni izindawo zokusebenzela ezingenayo nakancane inkohlakalo.	
3. Ukuziphatha okugxile kwinkambiso enhle nelungileyo okuhambisana nokuqapha ngeso lokhozi umsebenzi owenziwayo kanye nokuthathwa kwezinyathelo ezifanelekile zokuqondisa izigwegwe kulabo abangawenzi kahle umsebenzi wabo: Ukuthuthukisa ukuphatha, ukuqapha umsebenzi kanye nokuthathwa kwezinyathelo ezifanelekile zokuqondisa izigwegwe kulabo abangawenzi kahle umsebenzi wabo ezinhlanganweni.	<p>A. Ukwakha nokuthuthukisa ubuholi obulandela imigomo yokuziphatha okuhle kuyo yonke imikhakha.</p> <p>B. Ukuqinisa amandla okuqapha umsebenzi owenziwayo kanye nokuphatha emkhakheni kahulumeni.</p> <p>C. Ukuqinisa ukulandelwa kwemigomo yokuziphatha okuhle nobuqotho kuyo yonke imikhakha.</p> <p>D. Ukuqinisa ukuphendula kanye nokuphathwa kwezinhlelo ezinhlanganweni kuyo yonke imikhakha.</p>
4. Uhlelo lokuthengwa kwempahla nezinsizakalo oluthembakele futhi oluqhutshwa ngendlela esobala: Ukuthuthukisa ubuqotho nokuthembakala kohlelo lukahulumeni lokuthengwa kwempahla nezinsizakalo.	<p>A. Ukuthuthukisa inqubo yokuqapha umsebenzi nokuqinisekisa ukuthotshelwa kwemigomo nemithethonqubo yokuthengwa kwempahla nezinsizakalo emkhakheni kahulumeni.</p> <p>B. Ukuthuthukisa ukusebenza ngendlela esobala kanye nokuphathwa kwemininingo emsebenzini wokuthengwa kwempahla nezinsizakalo emkhakheni kahulumeni.</p> <p>C. Ukweseka ukuqhutshwa komsebenzi ngobungoti nobunyoninco emkhakheni wokuPhathwa Komsebenzi Wokuthengwa Kwempahla Nezinsizakalo.</p>
5. Izimpiko zokulwisana nenkohlakalo ezinamandla: Ukuqinisa ukuhlinzekwa kwezinsiza-kusebenza, ukulawulwa nokuhanjelaniswa komsebenzi owenziwayo, ubambiswano phakathi kwamazwe, ukusebenza, ukuphendula kanye nokuzimela kwezimpiko ezilwisana nenkohlakalo ezizimisele futhi	<p>A. Ukuqinisa ubudlelwano nobambiswano phakathi kweNingizimu Afrika namanye amazwe empini yokulwisana nenkohlakalo.</p> <p>B. Ukusungula uphiko oluzolawula umsebenzi wokulwisana nenkohlakalo ukuze lulawule futhi luhambelanise yonke imisebenzi yokulwisana nenkohlakalo.</p> <p>C. Ukucija nokuhlomisa izimpiko ezilwisana nenkohlakalo ngokuqinisekisa ukuthi zihlinzekwa ngezinsizakalo namakhono okusebenza, ukuqeqeshwa, izindlela-kusebenza zesimanjemanje kanye nabasebenzi ukuze kuthuthukiswe ukuthotshelwa komthetho.</p> <p>D. Ukuvikela ukuzimela kwezimpiko zokulwisana nenkohlakalo ezithweswe umsebenzi wokuphenya nokushushisa izenzo zenkohlakalo.</p>

ezizibophezele emsebenzini wazo.	
<p>6. Ukuvikelwa kwemikhakha esengcupheni: Ukuvikela imikhakha esengcupheni enkulu yenkohlakalo nezenzo eziphambene nenkambiso elungileyo nokuziphatha okuhle ngokuthi kusetshenziswe izinqubo zokuphatha kobungozi ezisebenza kahle.</p>	<p>A. Ukwenza ucwaningo maqondana nemikhakha kahulumeni kanye nemikhakha ezimele esengcupheni yenkohlakalo.</p> <p>B. Ukuqalisa izinhlelo okuhloswe ngazo ukunciphisa ubungozi benkohlakalo kanye nokugquzela ukuphatha ngobuqotho emikhakheni esengcupheni.</p> <p>C. Ukwenza umsebenzi wokuqapha, ukuhlola kanye nokubuyekeza izinhlelo zokungenelela eziqondiswe ekuphathweni kobungozi emikhakheni esengcupheni.</p>

I-NACS yenza isiphakamiso sokubuyekwezwa kwezinhlelo zokulwisana nenkohlakalo ezizokwethulwa ngaphansi kwezigaba ezimbili.

Isigaba 1: Umsebenzi wokuqalisa kweqhingasu lesikhashana lokuqala, kubandakanya ucwaningo, ukuthuthukiswa komqondo-msuka okuzosetshenzelwa phezu kwawo kanye nokwenziwa kohlaka lwesiphakamiso esizothunyelwa kuKhabhinethi ukuze kusungulwe uphiko olubandakanya izinhlelo zonke oluzokwenziwa wuphiko lokweluleka lwesikhashana olubandakanya imikhakha ehluahlukene, olubizwa ngoMkhandlu Kazwelonke Wokweluleka Maqondana Nokulwisana Nenkohlakalo (i-NACAC). Lolu phiko luzokwenza umsebenzi walo ngokubonisana nokusebenzisana namakomidi afanelekile ongqongqoshe beminyango ehluahlukene, amaqoqwana eminyango kanye nezinhlangano okubanjisenwe nazo emphakathini. I-NACS iphakamisa ukuthi i-NACAC isungulwe nguMongameli futhi kumele isebenze isikhathi esingekho ngaphezu kweminyaka emibili noma ihlakazwe ngokushesha uma sekusungulwe uphiko oluzosebenza unomphela.

Isigaba 2: Ukusungulwa kophiko oluzimele olubandakanya izinhlelo zonke olusekelwe phezu komthetho/komthethosisekelo oluzosebenza ngaphansi kwesandla sePhalamende, olususelwa ohlelweni lokusebenza oludidiyelwe olumkhakha-mningi futhi oluzosebenza ngaphansi kobambiswano phakathi kwemikhakha ehluahlukene, ngokuhambisana nenkambiso yokusebenza kukahulumeni wonkana njengembumba kanye nokubambisana nomphakathi ukulwisana nenkohlakalo. Lolu phiko kumele lwethiwe igama elifanelekile ngokususela kwiziphakamiso ze-NACAC futhi izinqumo zokugcina kumele zithathwe yiziphathimandla ezifanelekile. Kubhekeke ukuthi lolu phiko oluzosebenza unomphela, phakathi kokunye, luqhube umsebenzi wesikhathi eside wokuqaliswa nokusetshenziswa kweqhingasu kanye nazo zonke izinhlelo ezihlobene nalo.

Uyaqhubeka umsebenzi wokuqalisa kwe-NACS, njengomsebenzi wokuphenya oqhubekayo njengamanje owenziwa yi-*Fusion Centre* ngokusekelwa yiThimba Elijutshwe Umsebenzi Wokulwisana Nenkohlakalo elibandakanya izimpiko ezihluahlukene, ukuqalisa ngokuqhubekayo kwezinyathelo zezimpiko zokulwisana nenkohlakalo ngokwehlukana kwazo, umsebenzi wokuncishiswa kobungozi benkohlakalo exhumene nomsebenzi wokugomela i-COVID-19, kanye nezinhlelo zesikhashana ze-NACS ezilawulwa ngaphansi kweQembu le-NACS Eliyinhloko (*Reference Group*) kanye neKomidi Eliqondisayo le-NACS.

Ulwazi oluthe xaxa mayelana ne-NACS kanye nemibhalo ehlobene nalokhu kuyatholakala ku-www.gov.za/AntiCorruption

